# IBandla EliKhohliswe, YiZwe

UJesu Kristu, iNdodana yaKhe, futhi usinike zonke izinto ngesihle kuKristu. SiyaKubonga, Nkosi, ngenhlanhla esiyinikwayo ngalomHlatshelo omkhulu ophakeme uJesu asinikelela wona eKalvari, ukuthi wabuye wasibuyisela ebudlelwaneni nokuthandeka kuWe, ukuze sibe nalenduduzo yokwazi ukuthi kulotshiwe, "Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, ningacela enikuthandayo futhi niyokwenzelwa khona." Manje, siyajabula ngalokhu, futhi siyakhuleka ukuthi Uyosinika ukholo ukuba sikukholwe ngakho konke okuphakathi kithi.

2 Manje masilahle, Nkosi, yonke inkathazo yosuku, wonke umnako waloku ukuphila, yonke indlela kusukela kumlindi-mnyango kuya kumfundisi, ukuthi akuzukubabikho lutho emiqondweni yethu manje, kodwa silindile, silalele ngokuzithoba ukuba uMoya oNgcwele akhulume kithi, ukuze sizuze sigcine into enhle, ukwazi kabanzi ngaWe, ngokubuthana kwethu ndawonye. Ngoba, Nkosi, impela yingakho siza ngalolusuku olushisayo. Khuluma kithi ngeZwi laKho eliphilayo, futhi uvumele iZwi eliphilayo lakhe phakathi kithi futhi lihlale phakathi kithi, ukuze silolongwe futhi sibunjwe, kungabi kulo izwe, kodwa siguqulwe ngokwenziwa ubemusha umoya wethu, sibesesimweni seNdodana kaNkulunkulu. O, izinhliziyo zethu ziyathuthumela lapho sicabanga, nenjabulo ichichimisa imiphefumulo yethu, ukwazi ukuthi singabizwa ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Simi kulo impela ugu lokuBuya kwaKhe kwesiBili, futhi zonke izizwe nemibuso ivevezela phansi kwezinyawo zethu, zonke izinto zezwe ziyashabalala, kodwa ukwazi ukuthi ngelinye ilanga Uyofika futhi uyosithatha asiyise eMbusweni lapho kungasoze kwabakhona ukuphela, kumbe, awusoze wanyakaziswa. Futhi nokucabanga ukuthi manje singa—ngabantu balowoMbuso! O Nkulunkulu, soka inhliziyo yethu nezindlebe namuhla, ngo—ngoMoya oNgcwele, ngokuhlanzwa ngamanzi eZwi. Lokhu sikucela eGameni laKhe nangenxa yenkazimulo yaKhe. Ameni.

3 Ngifisa ukuvelela esifundweni namhlanje ekuseni. Ngoba, bengizokhuluma ngento ethe ukwehluka kancane ukuba bekuzobakhona inkonzo yokuphulukisa, kodwa simemezele ukuthi amakhadi okukhulekelwa akhishwe ngelesishiyagalombili, kuze kugamanxe elesishiyagalombili kumbe elesishiyagalolunye nqo. Futhi ngivele. . . UBilly ufike wenyukela endlini emizuzwini embalwa eyedlule futhi uthe engathi bekungekho muntu lapha, ngakho akazange awakhiphe amakhadi okukhulekelwa. Ngakho sizo. . . Ngicabange ngokuthatha lelitekisi, ukuba kuqondiswe ibandla.

Futhi ngifuna ukukhuluma ngesifundo sokuthi: *IBandla EliKhohliswe, YiZwe*. Ngifisa ukufunda okuthize manje eNcwadini yabaHluleli, isahluko 16, kuqala evesini 10.

> *Wayesethi uDelila kuSamsoni, Bheka, udlale ngami, wangitshela amanga: ake ungitshele manje, ngiyakuncenga, ukuthi* unga*boshwa* kuphi.
>
> *Wathi kuye, Uma* u*ngibopha ngezintambo ezintsha okungasetshenziwanga ngazo, ngiyakuba buthakathaka, ngibe njengomunye umuntu.*
>
> *UDelila wayesethatha amagoda amasha wambopha ngawo, wathi kuye, AmaFilisti aphezu kwakho, Samsoni. Abaqamekeli* ba*behlezi ekamelweni eliphakathi. Wawagqabula ezingalweni zakhe* njengemicwana.
>
> *UDelila wayesethi kuSamsoni, Kuze kube manje udlale ngami, wangitshela amanga: ngitshele ukuthi* unga*boshwa* kuphi. *Wathi kuye, Uma weluka*. . . *amagoda ayisikhombisa ekhanda lami nezintambo zakho zokwelukwa.*
>
> *Wawabethela-ke* ezi*khonkwane*ni, *wathi kuye, AmaFilisti* aphezu *kwakho, Samsoni*. *W*aphaphama *ebuthongweni, wazincothula* izikhonkwane zokwelukwa, *nezintambo zokwelukwa.*
>
> *Wayesethi kuye, Ungasho kanjani ukuthi, Ngiyakuthanda, nxa* phakathi *inhliziyo yakho ingenami na? usudlale ngami kathathu, awu*. . .*ngitshela ukuthi amandla akho* aphi; *awungitshelanga ukuthi amandla akho aphi.*
>
> *Kwathi, lapho* ese*mcindezele yonke imihla ngamazwi akhe, emgqugquza, wakhathazeka umphefumulo wakhe kwaze kwaba sekufeni;*
>
> Futhi *wamtshela inhliziyo yakhe yonke, wathi kuye, Akuthintanga-mpuco ekhanda* lami; *ngokuba bengingumNaziri kaNkulunkulu kwasesizalweni sikamame: uma ngiphuculwa, amandla ami ayakumuka kimi, ngiyakuba buthakathaka, ngibe* njengomunye *umuntu.*
>
> *UDelila wabona ukuthi wayemtshelile yonke inhliziyo yakhe, wathuma wabiza*. . .*amakhosi amaFilisti, wathi, Yenyukani kalokhu, ngokuba* ungitshelile *yonke inhliziyo yakhe*. Futhi *ayesenyukela kuye amakhosi* omFilisti, afuna *imali*, kumbe *aletha imali esandleni* sakhe.
>
> *Wamlalisa ubuthongo emadolweni akhe; wabiza umuntu, w*amphucula *amagoda ayisikhombisa ekhanda*

*lakhe; wa*. . .qala *ukumhlupha, amandla akhe amuka kuye.*

*Wathi, AmaFilisti aphezu kwakho, Samsoni. Wavuka ebuthongweni, wathi, Ngiyakuphuma njengezinye izikhathi, ngizithintithe. Kepha wayengazi ukuthi iNKOSI* yase *imukile kuye.*

4 Manje ngifisa ukufunda, itekisi yalesisifundo, itholakala ngale eNcwadini yeSambulo, isahluko 2, kuqala ngamavesi 21 nama 23.

*Ngamnika isikhathi sokuba* aphenduke; *kepha kavumi ukuphenduka ekufebeni kwakhe.*

*Bheka, ngiyamphonsa embhedeni, nabaphinga naye ekuhluphekeni okukhulu, uma bengaphenduki emisebenzini yabo.*

*Ngiyakubulala abantwana bakhe ngokufa; amabandla onke ayakwazi ukuthi nginguye ophenya izinso nezinhliziyo: futhi ngiyakumnika yilowo nalowo wenu ngokwemisebenzi yenu.*

Sengathi iNkosi ingenezela isibusiso saYo ekufundweni kweZwi laYo.

5 USamsoni, okuningi kakhulu njengebandla, waqala kahle. Waqala ngendlela eyiyo. Wasuka, futhi wayebizwa ngendoda eyiqhawe elinamandla. Va-. . .waqala ukuphuma ekhonza iNkosi, ngokugcina amaZwi aYo futhi enza imiYalo yaYo. Futhi lokho kwakuthi akufane nebandla. Laqala lahamba, njengoba singathi, njengesisho sasezweni, laqala ngonyawo lwesokunene. Laqala ukugcina imiYalo yeNkosi. Futhi inqobo nje uma uSamsoni wayesalandela iNkosi, iNkosi yayimsebenzisa uSamsoni.

6 Ngoba, uNkulunkulu angagcina noma ngubani futhi asebenzise noma ngubani ozolandela emva kwaKhe, ngoba ngumsebenzi kaNkulunkulu. Kodwa uma sichezukela eceleni, sisuke ezintweni zikaNkulunkulu, lapho-ke uNkulunkulu angeke esasisebenzisa. Nxa siyohamba ngokubambelela emiYalweni kaNkulunkulu, nxa siyohlala emakhasini eBhayibheli futhi sikhonze ngeZwi elilotshiweyo, siMkhonze ngoMoya nangeQiniso leZwi, khona-ke uNkulunkulu angasebenzisa noma ubani umuntu ngamunye. Kepha nxa bethatha umcabango ukugudlukela eceleni kwenye into, khona-ke uNkulunkulu angeke esamsebenzisa lowomuntu.

7 Ngakho, uSamsoni wenza i—isibonakaliso esiqhame ngokusobala sebandla lanamuhla. Ngenkathi ibandla liqala, uNkulunkulu wayelisebenzisa ibandla, ngoba ibandla lahamba ngokuzimisela emiYalweni yeNkosi, lagcina zonke izahlulelo zaYo nezimiso zaYo, futhi lenze yonke imiYalo yaYo. NoNkulunkulu wayenalo ibandla. Kodwa kubonakala

sengathithi kukhona indawo yobuthakathaka phakathi kwebandla.

8 Khumbulani, asikho ohambweni lokungcebeleka, kodwa sisenkundleni yempi. Abantu abaningi bavele bacabange ukuthi uma bebangumKristu ukuthi yilokho kuphela abadinga ukukwenza, ukuthi lokho kusuke sekuhleli iphakade, njengoba sebengumKristu futhi konke kuzoza kalula. Ungalokothi ufake lokho ekhanda lakho. Ngokuba, ngiba ngumKristu, ukuba ngilwe, ngilwe ukulwa okuhle kokukholwa. Ngiba ngumKristu, ukuba ngingene emigqeni yempi. Singamabutho angamaKristu, futhi sifanele siqeqeshwe futhi sikhuliswe, futhi sazi onke amasu esitha, ukuba sazi ukuthi kuvikwa kanjani, sazi ukuthi i—iliwa kanjani impi. Futhi singakwenza lokho kuphela ngokuba sikwambulelwe nguMoya oNgcwele. Singeke sathatha lokho esikutshelwa ngesinye isizwe uma siya empini, eminye yemicabango yabo. Kodwa sifanele sithathe imicabango yethu qho, ngendlela uMoya oNgcwele ozosiqondisa ngayo, nokuthi micabango mini Azosinika yona, ngoba UyiNduna eLawulayo yempi yamaKristu.

9 USamsoni wenza okuhle, wayengumuntu omkhulu waze waqala ukuba, waqala ukuba athi ukuba yi (sizokubiza sithi) shinga elizulazulayo, waze waqala ukuphuma ezweni okungelakubo. Nebandla lahamba kahle, futhi konke kuhamba kahle baze baqala ukuphuma ezweni lakubo. USamsoni waqala ukuqomisa. Futhi wayengaqomisani namantombazane angamaIsrayeli, waqala ukuqomisana namantombazane amaFilisti.

10 Futhi lokho kuthi akufane nalokho okwenziwa yibandla. Alizange liqale ukuthandana nabalo, lalandelana nabangakholwayo futhi laqala ukuqomisana nabangakholwayo. Kulapho la esenza khona elikhulu, futhi elinye lamaphutha ethu amakhulu kakhulu, kungenkathi lapho ibandla liqala ukwenza izinto ezazingalungile. Liqala ukuhambisana, njengoSamsoni, nababi.

11 USamsoni, inqobo nje uma wayesesixukwini sabantu beNkosi, wenza konke kahle. Kodwa lapho eseqomisana nababi, khona-ke wangena enkathazweni.

12 Futhi kungaleyondlela nasebandleni. Ngenkathi ibandla lilandela ngenhlonipho futhi imihla ngemihla ngokuholwa nguMoya oNgcwele, uNkulunkulu wababusisa, nezimangaliso nezibonakaliso nezimanga zalandela ibandla. Kodwa lapho liqala ukuhambisana nababi, nezwe! Enye yezinto ezimbi kakhulu kakhulu eliyenzile, nezinto zokuqala elizenzile, liqala ukuhlela, lihlakaza inhlanganyelo phakathi kwamanye amakholwa, ngoba bathola ukuthi izizwe zazihlelile. Kodwa leliVangeli elikhulu alinikezelwe esizweni esisodwa kumbe kubantu ababodwa. Linikezelwe ku “lowo othandayo, makeze,”

zonke izizwe, izizwe zonke, izilimi, nabantu. UNkulunkulu akazange afune ukuba sidwebe imigqa yomngcele.

13 Kodwa umuntu wafuna ukufana, bayaqhathanisa, kumbe ukufanisa, bahambe njenge—njengoba kwenza izwe, basho izinto abazenzayo, benze impumelelo ngendlela ababeyimpumelelo ngayo. Asisoze saba yimpumelelo senza noma yini eyenziwa yizwe. Singaba yimpumelelo kuphela uma silandela izimiso zikaNkulunkulu nendlela yaKhe yokwenza izinto. Asisoze saba yiyo, ngokulingisa izwe. Uma inkampani kasikilidi ihlangabezane nempumelelo yayo enkulu kakhulu ngetelevishini, nezixuku zikabhiya nogologo zenze impumelelo yazo enkulu ngomnikelo wetelevishini, lokho akusiso isibonakaliso sokuthi ibandla liyokwenza impumelelo yalo ngetelevishini. Impumelelo yebandla isekushumayeleni iVangeli, laMandla kaNkulunkulu, nangesibonakaliso sikaMoya. Singeke sathi ngoba itelevishini iyenzele lokhu-na-lokhu inkampani kasikilidi ne—nezinye izinkampani! AsinamBhalo ukuzama ukuqhathanisa nalabobantu. Futhi uma nje sikwenza, singadonsa iningi labantu, kodwa lokho akusikho uNkulunkulu asigcobele ukuba sikwenze. Sicabanga ukuthi ngoba sonke siyimibala, sindizela phezulu, izinhlangano ezinkulu, senza izinto ezinkulu ezinemibala ukuba zenzeke, lokho yimpumelelo. Sifa nsuku zonke ezinyaweni zethu, ngokukhuluma ngokukamoya! Uma sime saqina kashumilezigidi namuhla ekuseni, noMoya oNgcwele engenathi, besiyokwenza kahle ukuma siqine kashumi noMoya oNgcwele enathi. Singeke saqhathanisa nezwe.

14 Futhi enye yezinto zokuqala, yayiyilena, ibandla liqala ukuzihlelela bona. Inhlangano yokuqala kwakuyibandla eliKatolika, kwase kufika ibandla lamaLuthela. Ngenkathi behlela ebandleni eliKatolika ukulenza libe yinhlangano, ngolunye usuku kwabakhona ukumemeza, “AmaFilisti aphezu kwakho, Samsoni,” no Samsoni wagqashula izintambo zemikhawulo yebandla eliKatolika, noMartin Luther waphuma nenhlangano.

15 Base-ke bebopha ibandla ngenye intambo, njengoba kwenza uDelila. Futhi baqala . . . esikhundleni sokuba nomuntu ongobizwe-nguNkulunkulu, abantu ababebizwe nguMoya oNgcwele; mhlawumbe babengabazi no ABC babo, kodwa babazi uKristu. Lapho-ke ibandla langena emkhubeni omusha, futhi lenza njengezikhulumi zezombusazwe. Futhi banika abashumayeli babo “iziqu zobudokotela,” wonke umuntu kwakufuneka abe nguDokotela wezobuNkulunkulu. Leyo kwakungenye intambo ukubopha ibandla. Abantu baphuma bafunde, ikolishi nekolishi lizama ukukhiqiza isifundiswa esincono ukuze amabandla abo aqhoshe, “Umfundisi wethu unguDokotela wezobuNkulunkulu.” Futhi, benzani, omunye

uzama ukubanolwazi oluningi kunomunye. Qha, lokho akusho lutho ebusweni bukaNkulunkulu.

16 Futhi akukho sidingo sanoma yimuphi umuntu sokuba azame ukuthatha ulwazi lwakhe lwezwe abese ethi uyoke athokozise uNkulunkulu ngalo. Kuyihlazo ebusweni bukaNkulunkulu! Awusoze wamthokozisa uNkulunkulu ngezintshisekelo nolwazi lwezwe, ngoba “kungubutha kuNkulunkulu,” kusho umBhalo. Angekwenze.

17 Futhi yilowo nalowo uzama ukuba nalolonke ulwazi. Bavele bazi ukuthi kufanele benzeni namazwi okufanele bawasho, futhi kuvele kuphenduke kube yinkulumo yezombusazwe esikhundleni sobonakalisiweyo ngamandla, uMlayezo kaMoya oNgcwele ozika enhliziyweni yomuntu bese uvumbulula isono. Baqeqeshelwe ukukhuluma ngezombusazwe, futhi asikudingi lokho. UPawulu wathi, “IZwi lifika kithi, hhayi kuphela . . . kumbe, iVangeli, ngeZwi lodwa, kepha ngaMandla nangokuzibonakalisa kukaMoya oNgcwele.” Aletha iVangeli, ebonakalisa amandla kaMoya oNgcwele! Kodwa onke lamadoda ahamba aye emakholiji futhi afunda izimfundo ezinkulu, ukuthi kufanele ame kanjani phambi kwabantu, ukuthi afanele aziveze kanjani, kufanele agqoke kanjani futhi kufanele enze kanjani, afanele angalokothi asebenzise ukukhulunywa nokubhalwa kolimi ngokungesikho. Manje, lokho kulungile enkulumweni yezombusazwe, kodwa thina asilandeli amazwi okulumba omuntu. UPawulu wathi, “IVangeli engilishumayelayo alifikanga kanjalo, kodwa Lifika ngokwenziwa busha kuka—kaMoya oNgcwele naMandla ezibonakaliso.” Alifiki ngenkulumo ebunjwe kahle, ukuze ukuhlakanipha kwenu kume, kumbe ithemba lenu libe ngokuhlakanipha komuntu. Kodwa lifika ngezibonakaliso zaMandla kaKristu ovukileyo. Lelo yiVangeli, “UkuMazi eMandleni okuvuka kwaKhe.”

18 Yilowo nalowo uzama ukucabanga ukuthi uthe ukuhlakanipha kunomunye umuntu, ihlelo ngalinye. AmaMethodisti ayothi, “Sinendoda ehlakaniphe kunawo onke.” IBaptisti iyothi, neBandla likaKristu, kanjalo kanjalo, onke, “Thina, singabahlakaniphe kunabo bonke. Thina, abethu—abantu bethu, asivele nje sivumele umuntu phaqa aphume ayoshumayela iVangeli.” Kodwa bayabacaphuna. (O Nkulunkulu, yiba nomusa!) Bayabacaphuna; uma benobufakazi obubhalwe ezincwadini mayelana nemfundiso yabo ethize, bayabafaka-ke ebandleni. UNkulunkulu angeke amthinte nangayiphi indlela. Ngifuna ukushunyayezwa ngumuntu ocashunwe nguMoya oNgcwele. UNkulunkulu amvusile, ongacoshwanga muntu kumbe amahlelo.

19 Lonke ulwazi! Bathi, “O, sazi konke ngaLo,” futhi abanye babo abalwazi uhlamvu lokuqala lukaMoya oNgcwele. BayaWuphika.

20 Kungikhumbuza ngencwadi encane engake ngayifunda ngolunye usuku eCalifornia, cishe eshumini leminyaka eyedlula. Ngayicosha esitolo esidala sezincwadi. Ngiyakhohlwa ukuthi kwakungubani umbhali. Incwajana ebiza usheleni nje, kodwa yayinomqondo ohluzile nakuba yayibonakala sengathi iyahlekisa futhi inobuqidlana. Kodwa, ngathola okuthize phakathi lapho okwezwakala njengoNkulunkulu, kimi. Nenye yezindatshana yaqala kanje. Ngokunye ukusa ehhokweni elikhulu lezinkukhu, kwakukhona iqhude elithize elincane elalicabanga ukuthi lalinolwazi lonke olwalufanele ukwaziwa. Ngakho landizela phezu kwebhokisi lase lizishayisa ebhokisini ngomlonyana walo, kane noma kahlanu, laqethuka ngekhanjana lalo lase likikiliga sengathi awukaze ulizwe iqhude likikiliga. Amanye-ke, lawaheha alilalelisisa, lase lithi, "Manene namanenekazi alelihhoko lezinkukhu, ngithanda ukukhuluma nani konke lokhu ukusa ngohlelo oluthize olukhulu lwemfundo esisanda kuluqamba." Lathi, "Ngifune oluningi ulwazi ekufundeni kwami," lithi ukudonsa izibukwana zalo phezu komlomo walo. Lase lithi, "Nginqume ukuthi thina zinkukhu singazenza sibengcono ngolwazi olwedlulele. Ngakho, nginganitshela ukuthi kukuphi, uma sizogubha bese sisebenza ehhokweni elithize kumbe umgodi, sizothola ivitamini ethize ezosenza sikikilige kangcono, izimpaphe ezithe ukubazinhle. Futhi, o, nginganitshela ukuthi singazenza kanjani sibengcono ngezindlela eziningi ezahlukile."

21 Izikhukhukazana ezincane namakamu azo amancane abomvu, zavele zakekela zase zithi, "Alithandeki yini bakithi?" Futhi zalincoma kakhulu. "O, liyiqhude elihlakaniphe kakhulu!" Kungikhumbuza abanye balababashumayeli lapha basekholiji. "Indoda ehlakaniphe kakhulu ngempela! Akukho sidingo kithi ukuba sizimbandakanye nazo zonke izinkukhu, sonke kufanele sihambe nalo."

22 Hhayi-ke, ngaphambi kokuba umfo omncane aqede inkulumo yakhe, kwakukhona enye inkukhu encane eyayingenazo izimpaphe ezicwebezelayo, yangena igijima isuka kulo lonke igceke lezinkukhu, yase ithi, "Bafana, umzuzu nje! Ngisanda kuzwa nje ezindabeni zakamuva emsakazweni. Izinkukhu zenyuke ngamasenti amane ephawondini, sonke sizohlatshwa kusasa! Luzosiza ngani ulwazi lwenu na?"

23 Mfowethu, lonke ulwazi esingalunqwabela, lusiza ngani na? Singamafidi ayisithupha othuli! Sonke sifa ngamayintshi nangama minithi. Ulwazi lwethu aluthi shu. Sifuna ukwazi Yena. Kodwa bayakwenza lokho.

24 Njengoba ngangiphawula ngesinye isikhathi esadlule ngomzwilili omncane, futhi wawucabanga ukuthi wawazi lonke ulwazi olwa—olwaludinga ukwaziwa, futhi wawazi kakhulu ngangoba watshela yonke eminye imizwilili ngezidalwa

ezingabantu. Ngakho wandizela phezu kwekheji lawo wase uqala ukukhuluma ngesidalwa esingumuntu, ukuthi wawazi kanjani konke ngabo. Kwathi, khonamanjalo, uprofesa wasePurdue wahamba wakhuphuka wase eqala ukukhuluma nawo ngamazwi aphucukile aphakeme, nomfo omncane waqwayiza amehlo akhe wase ephendula ikhanda lakhe. Manje, wawunamehlo, wawukwazi ukubona uprofesa. Wawunezindlebe, wawukwazi ukumuzwa. Kodwa, eqinisweni, wawungazi ukuthi wayekhuluma ngani. Ngani na? Unobuchopho bomzwilili. Uwubuchopho benyoni nje. Yilokho kuphela onakho. Awunabo ubuchopho bomuntu, ngakho ungeke wacabangisa okwezidalwa ezingabantu.

25 Kanjalo nesidalwa esingumuntu singecabange njengoNkulunkulu! Ungumuntu wena, futhi lonke ulwazi lwezwe alwehlukile ebuchosheni bomzwilili. Konke okwenzayo, uzilimaza ngalo nje. Ufanele ubenomqondo kaKristu.

26 Isizathu sokuba abantu bahambe bajoyine izinhlangano, bese bebambisa ngokuxhawula ngesandla esikhundleni sokuzalwa okusha, bazama ukwedlula eceleni ukuzalwa okusha. Abakufuni ukuzalwa okusha. Futhi ba—bayazi ukuthi siyakufundisa eBhayibhelini, ngakho bafuna ukukubambisa ngokunye. Nabantu bamaPentekoste babi nabo, bazama ukubambisa ngokunye! Bakufuna ekilasini. Kufanele nje kube yikilasi, "Sizoxhawula izandla bese sijoyina ibandla, bese sifafazwa kumbe sibhaphathizwe," kumbe okunye. Bayakwesaba ukuzalwa okusha. Ngezinye izikhathi ngiyaye ngikholwe ukuthi iTabernakele likaBranham liyakwesaba!

27 Manje, sonke siyazi ukuthi ukuzala, angikhathali ukuthi kukuphi, kumbe kuphi, kundawonaphi, kungubuhliphihliphi. Uma umntwana ezalwa enqwabeni yamakhoba, endaweni egandayiwe, kumbe egumbini lesibhedlela elihlotshiswe ngokubomvana, kungubuhliphihliphi, noma kanjani. Ukuzalwa kwenkonyane, ukuzalwa kwanoma yini okunye, kungubuhliphihliphi.

28 Nokuzalwa okusha kufana nse namahliphihliphi! Kodwa abantu bayisitashi kabi, "Sizohamba siye ngale lapho bexhawula khona izandla. Sizohamba siye ngale lapho bengampompolozi bakhale khona, futhi bashaye phezu kwe altare bakhale kakhulu." Ufuna ukuba ngumuntu kakhulu! Esikudingayo ukuzalwa, ukufa, lokho kuzala ukuPhila!

29 Imbewu, izambane elidala, izambane eliyimbewu, uthatha lelozambane ulifake emhlabathini. Ukuze ubenamazambane amasha, lelozambane elidala lifanele libole. Uhlamvu lungeke luveze ukuphila okusha lungazange lubole.

30 Futhi owesilisa kumbe owesifazane angeke babenokuzalwa okusha kuze kuthi ukuhlakanipha kwabo nobubona bubole, bube ngobufile, bafe e altare, futhi bamemeze,

babemahliphihliphi wonke, endaweni isitashi siphume kukhololo wakho, futhi uzalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu. Angikhathali uma uklabalasa, ukhuluma ngezilimi, ugxuma phansi-na-phezulu, ubhakuze njengenkukhu isuke ikhanda, uzala ukuPhila okusha! Kodwa sikubambisa ngokunye, sifuna indlela eqhamile, impela.

31 Ngolunye usuku, ngolwesiHlanu, unkosikazi nami sasiya esitolo. Angiqondile ukukhulukhuluma njalo ngalokhu. Kodwa kwathi sisehla ngomgwaqo, ngangiyilokhu ngibhekise ikhanda lami nganxanye, abesifazane abanqunu. Ngethembisa uNkulunkulu ngenkathi ngise ngumuntu oyimpumputhe, uma Engangisindisa amehlo ami ngiyobuka izinto ezifanele. Futhi ngihlala ngilengise isiphambano sami esincane emotweni yami. Uma ngibona into enjalo, ngibuka isiphambano bese ngithi, "O Nkulunkulu, Leso isiPhephelo sami," ngenkathi ngibuka esiphambanweni.

32 Ngibabonile labo besifazane. UMeda wathi, "Asikaze sibone noyedwa wesifazane namhlanje ogqoke isiketi." Wayesethi, "Bill, awubheke lowaya wesifazane laphaya nalawomabhanjana azungeze kwingenhla lomzimba wakhe," wayesethi, "uqonde ukungitshela ukuthi lowaya wesifazane akazi ukuthi lokho kuliphutha na?" Wathi, "Uma engazi ukuthi kuliphutha, kusho ukuthi uphambene engqondweni yakhe."

33 Ngathi, "Awuthi kancane, s'thandwa. UngumMelikana, wenza njengalokhu kwenza amameLikana." Ngathi, "NgangiseFinland esikhathini esingeside esadlulileyo, s'thandwa."

34 Futhi ngabuza lapho indoda eyangihlalisa phansi, uDokotela Manninen. Futhi sasiya e—ebhavini lezempilo, elibizwa ngokuthi ubhavu wesitimu, futhi bayakuthatha bakungenise bese bekuthela ngamanzi ashisayo, kumbe amanzi emadwaleni ashisayo, futhi kuvele kukujulukise. Bese bekugxumisela emanzini eqhwa, bese uyaphuma futhi. Bese usuka ubuyele endlini, futhi kukhona abahlengikazi phakathi lapho, abesifazane abaguxunga abesilisa (nabo benqunu), bababuyisele edanyini. Angingenanga. Ngase ngithi, "Dokotela Manninen, lokho kuliphutha."

35 Wathi, "Kulungile-ke, Mfundisi Branham, lokho kuliphutha. Manje-ke uthini ngoDokotela bakini abakhumula owesifazane abenqunu bese bemlalisa etafuleni, bamhlole zonke izitho zobulili anazo na? Uthini ngabahlengikazi bakini ezibhedlela na?"

36 Ngathi, "Ngiyaxolisa, Mfowethu Manninen, Manninen, uqinisile."

37 Kuyini na? Amasiko. Ngenkathi ngisePerisi angikukholwanga, ukuthi izindawo zokushobingela zabo

kanyekanye abesilisa nabesifazane zaziyinto eyodwa. Angikuqondanga, ukuthi izindlu zokuphumula zaziseceleni komgwaqo zabo bobabili owesilisa nowesifazane. Angikukholwanga ukuthi uma abesifazane beye ebhishi ukuyobhukuda, umfana nesithandwa sakhe, abanazindlu zokugqokela, bavele bathatha zonke izingubo zabo kuze kube yingubo yokugcina, base befulathela bafaka ibhanjana bahamba bayobhukuda, kepha kunjalo. Abakunaki. Kulusiko lwaseFulansi.

38 E Afrika, abesifazane nabesilisa, abancane nabadala, abagqoki lutho, bezihambela ezinkangala. Abangakaze bazi ukuthi indlu yokuphumula kwakuyini, kumbe izinto, kumbe bengakaze behlukane. Kodwa abawazi umehluko. Abawazi umehluko. Kodwa ngamasiko ezizwe.

39 Kodwa ngathi, "S'thandwa, sehlukile thina, singabesinye iSizwe. Siyizihambi nabafokazi lapha, yilokho okwenza lezizinto zibukeke ziyiphutha kangaka. Ngokuba iBhayibheli lathi, 'Labo abasho kanje, bayasho, bakhombisa ukuthi bayizihambi nabafokazi, bafuna umuzi ozayo.'"

40 Owesilisa noma owesifazane e Italy, eFulansi, e Afrika, nakusiphi esinye isizwe, osewake wazalwa ngokusha ngoMoya oNgcwele, akazenzi lezizinto. Bangeke bazigqoke lezozingubo. Bangeke baziphathe kanjalo, ngoba bangabesinye iSizwe EsiMbusi noMenzi waso nguNkulunkulu. SingabaseZulwini thina. Umoya ophakathi kwakho, ulawula impilo yakho. Uma ungumMelikana, uyokwenza njengoba kwenza amaMelikana. Uma ungumFulentshi, uyokwenza njengoba kwenza umFulentshi, futhi ugxeke omunye. Kodwa uma ungokaNkulunkulu, uyokwenza ngendlela abenza ngayo eZulwini, ngoba uMoya wakho uvela Phezulu futhi Uyakulawula.

41 Into encane ongayibuka. EmBhalweni, labo ababefuna loMuzi omusha, babeziphatha ngokwehlukile. Bavuma ukuthi babeyizihambi nabafokazi. Kodwa ngasohlangothini lukaKayini, baphenduka imihambima namambuka. Kodwa amaKristu abayizihambi nabafokazi. Umhambuma awunakhaya, imbuka ngumuntu omubi kabi. Kodwa isihambi yinto ewuqobo, futhi esiphuma ezweni uqobo kwesinye iSizwe, sizama ukuthola indlela eya eKhaya, sizisho ngenkambo yaso ukuthi sinenye into ukuthi singowelinye iZwe. Naso isizathu.

42 Kepha nokho labobantu abenzenjalo, labobantu abagqoka lezozinto, ake nginitshele. ENingizimu Afrika, ngenkathi ngibona izinkulungwane ezingamashumi amathathu abahedeni abaluhlaza cwe, benqunu, abomdabu beziphuku. Ishumi nesithupa-, ishumi nesishiyagalombili-, amantombazane anamashumi amabili eminyaka ubudala, abafana bengacabeke ngisho isichibi sengubo, bemi lapho nodaka ebusweni babo,

futhi bezihuqile, amathambo ebholelwe ekhaleni labo, neziqhaza zilenga ezindlebeni zabo, futhi bephambanise amathambo omuntu kumbe amanye amathambo ezinweleni zabo, amazinyo ezilwane elenga kubo, behambaze njengamhla befika emhlabeni, futhi bengakwazi. Kodwa ngenkathi bemukela uKristu, futhi bewa ngobuso babo futhi bemukela uMoya oNgcwele, basukuma basonga izingalo zabo ukufihla amahloni ngamabele abo, ngenkathi besuka behamba bathola izingubo ukuba bagqoke. Ngani na? Babayizihambi nabafokazi kulelizwe. Haleluya! Babeqhelile kulo. Yebo, mnumzane.

43 O, yebo, lababantu bazibiza ngamaKristu. Basemasontweni. Basuka bahambe bese bethi, "SingamaMethodisti. SingamaBaptisti. SingamaPentekoste. SingamaSeventh-day Adventisti. Siyi *lokhu, lokho,* no*kunye*." Lokho akuhlangene nakancane nakho. Umoya wakho, ukuphila okuphakathi kuwe, kuyalawula futhi kusho ukuthi ungubani. UJesu wathi, "Niyobazi ngezithelo zabo."

44 Ibandla seliphenduke lafana noIsrayeli, kuqala. Babone zonke izizwe zabahedeni zinenkosi. UNkulunkulu wayeyinkosi yabo. Futhi bazibona izizwe zabahedeni zinenkosi, ngakho babefuna ukuziphathisa okwezizwe zabahedeni, base bezithengela inkosi. Futhi lapho bekwenza, bangena enkathazweni. Kancane kancane kuqala ukungena. Kancane kancane izwe liqala ukungena ngesinyelela kubo. Ekugcineni kwaye kwaphelela ku Ahabi. Inkosi ngayinye isondela kancane kancane nje kukho, kancane kancane kukho, kwathi ekugcineni kwakhama ukuphila kwakukhipha kubo. Futhi nampaya behamba. Kwathi lapho iNkosi uqobo isifika, abaYazanga.

45 Leyo yinto efanayo neyenziwe yibandla. Lizithathele. Nakhu lapha ukhona. Lithathele ezombusazwe, izimfundo. Lithathele inhlangano, izinhlangano, amabandla amakhulu, aphakeme, abashumayeli abangamagagu. Futhi uma iNkosi uqobo ifika, abaYazi, futhi babethela wona impela uMoya oNgcwele oyiNkosi yabo. AbaYazi, kodwa bayaYihleka bayaYibhuqa. Njengoba amaJuda enza kuMesiya wawo, ibandla lenza kuMesiya walo ngendlela efanayo. Abakwazi. Abanakho ukubona okufihlakeleyo kukamoya, ngoba bagcwele imfundiso ngamehlo abo nalokho abakubonayo, izakhiwo ezinkulu, bazama ukuqhathanisa nezwe. Asilokothi siyalwe—siyalwe ukuqhathanisa nezwe. Siyalwa ukuba sizithobe.

46 Futhi, oyedwa uyiningi, kuNkulunkulu. Futhi namuhla kubavangeli abaphulukisayo ngaphandle emasimini, kukhona okukhulu ukuncintisana, abancintisanayo. Omunye uthi, "Kuhle, akabusiswe uNkulunkulu, nginenkulungwane engaka. Nginomhlangano omkhulu kunalowo onawo wena." Kwenza mahluko muni lokho na? Sinoyedwa kumbe isigidi esisodwa, kwenza mahluko muni na? Ngabe siqinisile kuNkulunkulu

na? Ngabe siqinisile eZwini laKhe na? Ngabe sima phansi kokuvivinya kukaMoya oNgcwele na? Ngabe kuliqiniso na? Lokho yinto enkulu.

47 Kodwa siyaxegisa phezu kweBhayibheli. Iningi labantu bakithi abangamaPentekoste, phezu kweziMfundiso ezisuka phansi esiqwini zaleliBhayibheli, bayaxegisa. Kukhona . . . Angifuni ukulimaza imizwa. Ngisebandleni okungelami, futhi ngizwa kuthi ngi—ngingenza nje lokho, ebandleni lami, ngoba ngishumayela iVangeli. Kodwa kukhona amashumi ezinkulungwane zabashumayeli bePentekoste bayazi ukuthi ayikho eBhayibhelini into okuthiwa umbhaphathizo egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Ngibeka inselelo kumbhishophi omkhulu, kumbe noma ubani, ukuba angikhombise lapho noma ngubani ake abhaphathiswa khona egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Kodwa bayaxegisa, ngoba izinhlangano zenzenjalo. Akukho noyedwa umuntu eTestamenteni eliSha, futhi naseminyakeni engamakhulu amathathu kamuva, ngomlando, kodwa kwakubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Kuyini na? Inhlangano. Yiyona ekwenzileyo. Ixegisa.

48 Futhi namuhla bathathe bonke abasebenzi bomgwaqo babasusa emigwaqeni. Bakhiphe uhlobo lwesigujana sokuhlabelela ebandleni. Bakhiphe yonke inkazimulo ebandleni, base bethola intshumayelo yasekholiji, intshumayelo yekamu leqhude elincane elidala, bonke baphucukile emphakathini, nabesifazane babo begqoke izikhindi nezingubo abazimpintshe ngazo, nabesilisa bebhema osikilidi, futhi begembula futhi bekhuluma amahlaya angcolile. Kulihlazo ebusweni bukaNkulunkulu! Ngiyazi ukuthi lokho kumahhadlahhadla, kepha sekuyisikhathi sokuba othize asho okuthize. Ukuxegisa, bayavuma, baziphathisa okwezwe!

49 Angikhathali uma kufanele ngime ngedwa, ngingabi namuntu kepha noNkulunkulu kuphela, ngiyoshumayela iQiniso leBhayibheli likaNkulunkulu futhi ngiLimele. Uma ngifa, ngisayolokhu ngilimele iQiniso. Impela. Sifuna iQiniso. Angiyikulinganisa ngokwebandla, kodwa ngokwezi likaNkulunkulu engifuna ukulinganisa ngalo.

50 Kodwa uDelila, uke waqaphela, wayazi ukuthi uSamsoni wayenamandla. Futhi wayengazi ukuthi lawomandla ayebekwe kuphi. Wayengakwazi ukusho ukuthi lawomandla ayeyini, kodwa kwakukhona amandla amakhulu athize uSamsoni ayenawo, futhi wayefuna ukuwathola. Kwathi, lapho uDelila, wayelokhu emyenga uSamsoni ngobuhle bakhe. O, wagqoka ezikhanukisayo ngempela. Futhi wahamba phambi kwakhe futhi wakhangisa njengamanye amatshitshana amancane osuku, no—nokunjalo, futhi efuna nje ukuziphathisa okwenye

into, ukuhlubula zonke izingubo, ezama ukumyengela kuye uSamsoni.

51 Lokho yinto efanayo neyenziwe yizwe ebandleni. Manje aphi aMandla akho amakhulu na?

52 "Phela, uma sizohlela, lokho kuzokwephula aMandla." Ibandla eliKatolika likwenzile.

53 "Kepha amaFilisti aphezu kwakho, Samsoni." NoLuther waphuma.

54 Base bephinda behlela futhi. "Uma uzongibopha ngenye intambo, izongibamba." Ngakho bakwenza.

55 "NamaFilisti aphezu kwakho, Samsoni." Kwenzekani na? UWesley waphuma wagqashula izintambo.

56 "Manje kade ulokhu ungikhohlisa. Awazi yini ukuthi ngiyakuthanda, Samsoni na? Kulungile, ngitshele iqiniso enhliziyweni yakho."

"Kulungile, ngibophe ngenye intambo."

57 "Kulungile, manje sizokwenza lokho." Kuyini lokho na? Lokho yintambo yobuhlelo.

58 "Ungiyeke ngakhululeka, ukuthi anginahlelo. Ngakho-ke, ngiyakutshela, uzongibona ngigqashula." Ngakho asho aphuma amaPentekoste. Aphi aMandla akho na?

"AmaFilisti aphezu kwakho." Futhi waphinda wazigqashula izintambo futhi.

59 Kodwa manje kwenzekeni na? Kuwatholile amaPentekoste, abakhulu oDokotela bezobuNkulunkulu babefundisi babo, amadoda amakhulu. Anaso nawo isikole nenkambiso njengeMethodisti kumbe iBaptisti, kumbe noma yibaphi abanye babo abanaso. Hamba uye esontweni futhi ungeke umuzwe u "ameni," babanda hleke okwesixuku samaEskimo khona le eNdaweni yasekugcineni komhlaba ngaseNyakatho. Bayabanda! Bayaxegisa! "Futhi manje amaFilisti aphezu kwakho, Samsoni."

60 AmaFilisti aphezu kwakho, Melika. Buphi lobobunye bomoya na? Buphi ubunye bePentekoste na? AmaAssemblies of God, neUnited, neChurch of God, na*lokhu, lokho,* no*kunye,* yilelo nalelo linemfundiso egqamileyo eyahlukile, leli lina*lokho*, naleli lina*lokho*. Sihlakazeke ngangokuthi ungaze uhambe uyongena edolobheni ukuyobamba imvuselelo, uma elinye ibandla liyixhasa, onke amanye angeke ayihambele. AmaKhomanisi aphezu kwakho, Melika.

61 Aphi aMandla ethu na? Iphi inkazimulo yethu na? Kuyini na? Ngoba silandele ukuhlakanipha komuntu esikhundleni saMandla kaNkulunkulu! Ngani, banabashumayeli bethu nezinto abal'khuni nabayisitashi, sebeze basihlela nathi saze saba yisitashi saba ontamol'khuni, kuze kuthi abantu,

ungabe usaphinde nhlobo ukuzwe ukumemeza ebandleni. Awuphinde uzwe noma ubani ekhala. Ibhentshi labalilayo libekwa ekamelweni elingaphansi. Akusekho nkazimulo ebandleni. Esikwenzayo kuphela kungukuhlala siqhiyame sibel'khuni lokhu okuxakile. Asikhululekile. Siboshiwe. UDeveli, namademoni akhe ayisimanje manje, ubophe ibandla likaNkulunkulu ophilayo. Kunjalo. Akusekho Mandla ebandleni. Akusekho nkululeko. Abantu sebeyisitashi futhi bal'khuni! Ngani, uNkulunkulu angafika phakathi kwabantu bePentekoste, futhi akhombise ukuthi UnguNkulunkulu, futhi afakazise izibonakaliso zaKhe zokuvuka kwaKhe, akubanyakazisi ngisho nakancane. Udumo! Ngani, kuyihlazo! Ngihamba nginqamule izwe, uNkulunkulu esebenza, enza izibonakaliso, nabantu bahlale, futhi, "Kulungile-ke, ngicabanga ukuthi kulungile. O, ngiyazi ukuthi kungenziwa." Akubanyakazisi! Ngani na? Baboshwe ngoDelila, izwe. Basesiboshweni.

62 Manje sebeze babafaka kuso, bababophela kumfelandawonye. "AmaFilisti aphezu kwakho, Samsoni." Uzokwenzenjani ngakho na?

63 "O, sinamahlelo amakhulu." Impela. "Sinobulunga obukhulu ngokuthe xaxa kunalobo esesake sabanabo." Kepha uphi uMoya na? Uphi uMoya oNgcwele na?

64 Yilokho okwenziwe nguDeveli. Kuyenge ibandla. Kwabayilokhu kuqhubeka kuyenga ibandla, "Wozani kimi, ngizoninika elikhulu elibanzi itabernakele ngapha uma nje nizokwenza *lokhu*. Uma nizoxosha lowomshumayeli oluhlanya eninaye, bese nithola umuntu, uDokotela wezobuNkulunkulu ohluzile engqondweni, sizokwakha ibandla elihle elikhulu elinesithunzi futhi sizofana nawo onke amanye." Maye kuwe! Ngiqoka ukuba nomuntu ongakwazanga ukwehlukanisa ikhofi kubhontshisi, kodwa owagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, owayengaxegisi, ngaMandla kaNkulunkulu.

65 Kodwa linalokhu, o, liyisitashi kabi, kuze kuthi omunye ongcwele ongelutho aze aqhume enkonzweni akhulume ngezilimi, kumbe athi ukumemeza kancane, kumbe enze okuthile, futhi abanye bonke bayoqalaza babuke. "Bekuyini leyo? Awu, angazi ukuthi kungani na? Cishe uhlanya oluthe qathatha luvela ndawo ndawo." Niyazi ukuthi yiqiniso lelo! Omunye ongcwele ongelutho uyangena, ajabule ngokwanele baze baphakamise izandla zabo, bakhale badumise iNkosi, umuntu oyompongoloza "ameni" ekushunyayelweni kweVangeli, futhi bonke abanye bayaguquka babone ukuthi ngabe utheni. Lawo ngamaPentekoste. Yini indaba na? Nilingisa iMethodisti, nilandela iBaptisti; alingisa iKatolika; iKatolika lalingisa isihogo. Futhi, kanye-kanye, konke kulandela isihogo! Kunjalo.

66 UDelila uniyengele emasontweni amakhulu, abahle, abefundisi abafundile, bathatha abezinga eliphakeme. “Phela, uyazi, u*S'bani-bani* ngezansi lapha ungusozigidi, uma nje singake simthole azongena ebandleni lethu! O, hhe!” Uma engazelwe ngokusha, khona-ke akumfanele ukuba lapho. Angikhathali noma ngabe unamadola ayizigidi. Uma enoKadilake abangamashumi amane, noma ngabe yini anayo, ufanele azalwe ngokusha, ehlele ngqo ekuzalweni okusha bese ezalwa kabusha ngoMoya oNgcwele, aphume lapho esesekuzalweni okusha, ethimula (ngiyaxolisa), ekhala ememeza, eqhubeka njengoba kwenza bonke abanye, bese ephila impilo kamuva ukufakazisa ukuthi unaWo. Ameni. Yilokho okudingayo.

67 “Samsoni, amaFilisti aphezu kwakho.” AmaKhomanisi aphezu kwakho. Izwe liphezu kwakho. UDeveli uphezu kwakho.

68 Babuyela emuva futhi bayawubona uMoya kaNkulunkulu wenza izimangaliso futhi wenza izinto zokuvuka kwaKhe, lokho okwe thenjiswa nguJesu, bathi, “Uyazi, ngicabanga ukuthi uMfowethu Branham unokuningi ukufunda umcabango womuntu. Umfundisi wami wathi kwakungokukaDeveli.”

69 Wena ongazi lutho, onokuzenzisa, mphikinkolo odukisiweyo, opholishiweyo, wena mpisi egqoke izingubo zemvu! UJesu wathi, “Uma beniNgazi, beniyolwazi usuku lwaMi.” Kodwa ninesixuku soSawulu esizama ukukwenza ubenjengezwe lonke.

70 Sifuna isixuku samadoda kaNkulunkulu angaxegisi ngaseZwini, kodwa ashumayela iQiniso futhi ame embhaphathizweni kaMoya oNgcwele.

71 Kodwa lenzeni izwe na? Ligunde lasusa onke aMandla akho. Wazalwa ungumNaziri, Pentekoste, kodwa izwe ngempela ligunde aMandla akho. Manje liyisitashi njengabo bonke abanye.

72 Sizokwenzenjani na? Kuzokwenzekani na? Kukhona into eyodwa eligugu enginokucabanga ngayo ukuphetha lelitekisi.

73 Ngenkathi uSamsoni esaboshiwe! Ngeke sabanayo imvuselelo. Lalelani umfowethu othembekileyo, uBilly Graham, “Imvuselelo osukwini lwethu!” Lalelani uOral Roberts ememeza, “Imvuselelo osukwini lwethu!” Balaleleni bonke abanye, “Imvuselelo osukwini lwethu!” Singabanemvuselelo kanjani siboshiwe na? Sibophe uMoya oNgcwele, ngezinhlelo zethu namasiko, futhi asikwazi ukubanemvuselelo kaMoya oNgcwele! Ameni. Ngiyazi ukuthi lokho kushisa bhe, nesimo sezulu, kodwa kuliQiniso. Singaba kanjani nemvuselelo kaMoya oNgcwele uma niboshwe kangaka futhi niyisitashi! “Isimo sokumesaba uNkulunkulu,” iBhayibheli lathi bayoba naso. “Isimo sokumesaba uNkulunkulu, kodwa aMandla bayowaphika.” Amandla ani na? Amandla enhlangano na?

Amandla ezwe na? Amandla esonto na? AMandla kaMoya oNgcwele! Leyo yindawo eyimfihlo ebandleni. Futhi lapho ibandla lizithathela abashumayeli abafundile, nezindlu ezinkulu neziwubucwazicwazi, esikhundleni sikaMoya oNgcwele oyimfeshini endala, bebeyobangcono ekuthunyweni ngokwenkolo futhi. Ameni. Qiniso. Uzoba kanjani nemvuselelo kaMoya oNgcwele, nabantu bayaWuthulisa futhi baWubophe futhi bayaWesaba na? Kulapho-ke la inkathazo ilele khona.

74 "AmaFilisti aphezu kwakho." Kodwa ithemba elilodwa elibusisiweyo esinalo, ngenkathi uSamsoni esetilongweni . . .

75 Yini into yokuqala abayenzayo ngenkathi bembamba? Bambopha, kuqala. Basusa amandla akhe, bayithola imfihlo yakhe. Bayithola imfihlo yenu. Izwe layithola imfihlo yenu. Manje nina besifazane nonke niphungula izinwele zenu, kuhamba njengezwe. Nina besilisa nonke nihamba nilingise izwe. Kulungile konke, nikhulume amahlaya namahlaya angcolile, bese niphuma bese nibhema osikilidi abambalwa, bese niphuma nibaleke nabafazi bomakhelwane, nakho konke okunye kanjalo, utshwala obuncane bobudlelwane ukubamba umsebenzi wakho. Ngingaqoka ukucambalala ngesisu sami bese ngidla amakhekhe aqinile kasoda ngiphuze amanzi egatsha, ngihlale ngihlanzekile ngimsulwa phambi kukaNkulunkulu, kunokuxegisa ngenxa yanoma yiluphi uhlobo lomsebenzi. Kunjalo. Qiniso. Hlala ngokweqiniso kuNkulunkulu.

76 "Samsoni, amaFilisti aphezu kwakho." Tabernakele likaBranham, imfundiso yezwe iyanyonyoba ingena phakathi kwenu. Kuthiwani ngayo na? Ngabe seniyidalulile imfihlo yenu na? Ngabe seniyidalulile leyomfihlo uNkulunkulu aninika yona ngenkathi nanihuquzela laphaya emvuthwini yesaha eminyakeni embalwa eyedlula na? Ngabe seniyiyeke yanyonyoba yaphuma nezobudlelwane, ukukhonza kokugcina umthetho na? Kwenzekeni kini na? UNkulunkulu angehla enze isimangaliso ehle aqonde ngqo kwizethameli atshele abantu izimfihlo zezinhliziyo zabo, nakho konke futhi aphilise abagulayo nabahluphekileyo, futhi enze izibonakaliso nezimangaliso, futhi ashumayele iZwi laKhe ngamandla abo onke, ngoMoya oNgcwele; futhi abantu bathi, "Qha, ngicabanga sengathi kulungile. Siyakujabulela ukukulalela kanye ngankathi, uma singakhathele kakhulu." Lelo yiTabernakele likaBranham. AmaFilisti aphezu kwakho.

77 Ngenkathi, kusavamisile ukwenzeka ngenkathi ukushunyayelwa kweZwi, nabangcwele abadala nezinyembezi emehlweni abo, babesukuma ngezinyawo zabo bahambe, benesilokozane, mhlawumbe bangakhulumi-zwi, behambahamba nje, kabili noma kathathu, bese behlala phansi, begcwele kakhulu uMoya oNgcwele! IZwi labondla! "Umuntu akanakuphila ngesinkwa sodwa, kodwa ngawo onke amaZwi

aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." AmaFilisti aphezu kwakho. Tabernakele likaBranham.

AmaFilisti aphezu kwakho, Pentekoste.

78 Kusobala, amaFilisti anitholile, nonke, kudala ngenkathi nizihlelela ngokuqinile kakhulu, akukho okungangena ngaphandle uma wawuyiPresbyterian, iBaptisti, iMethodisti, iKatolika, kumbe okunye. Awufuni nakuzwa ngabo bonke.

79 Ngakho, imvuselelo osukwini lwethu na? Singabanayo kanjani uma umnikezi-mvuselelo wangokomthetho eboshwe yizwe na? UNkulunkulu angeke angene lapho okukhona khona izwe, ungethembela nje kulokho. Uzimbandakanya nezwe, khona-ke ku—kungokwalo konke. Nxa uvumela izwe lingene ngesinyelela, uhamba ulingise izwe, khona-ke usuphelile. Kodwa uma uzogqashula zonke izibopho usuke ezweni, bese uza kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyokusebenzisa kuze kube lapho usuhamba uyoqomisa futhi.

80 Nanti ithemba kuphela enginalo namuhla ekuseni, ukuphetha uMlayezo wami, yilokhu, "Ngenkathi uSamsoni eboshiwe, isiqhova esisha sakhula."

81 Nkulunkulu, sithumelele elinye iBandla ngaphambi kwesikhathi sokugcina nje, ukuze aMandla kaMoya oNgcwele angene kulo, ezibonakalisweni zikaMoya, noMarku 16 alandele iBandla. IZenzo 2:4, iZenzo 2:38, konke kuyolandela kuhambisane neBandla. Izibonakaliso nezimangaliso kuphelekezela abapostoli. Izibonakaliso ezinkulu zokuvuka kwaKhe ziyabalandela. Ngenkathi sisetilongweni, impela uNkulunkulu uhlumisa okusanhlamvu ndawo ndawo, kokubulala okukhulu kokugcina. Sengathi kungaba nguwe, mngane wami ongumKristu lapha namhlanje ekuseni, sengathi kungaba amandla akho aseqale ukuhluma. Ngikhulekela ukuba loMlayezo namhlanje ekuseni, naphandle ezweni lapho lokhu okuyoya khona, ngethemba ukuthi loMlayezo uzosiza ukuletha ivitamini emzimbeni wakho eliyohlumisa aMandla kamoya ubuyele ekuphileni kwakho futhi.

Asikhothamise amakhanda ethu sikhuleke.

82 O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, uMqalisi wokuPhila okuPhakade, noMnikezeli waso sonke isiphiwo esihle nesomoya, thatha lamazwi namhlanje ekuseni bese uwabeka enhliziyweni, bese uwanisela, Nkosi. Sengathi abantu bangazikhulekela lezizinto, njengoba kubonakala ukuthi izwe liyenge ibandla futhi ekugcineni seliwatholile aMandla alo, layithola indawo yemfihlo yalo, lathola ukuthi imfihlo yalo ikuphi, futhi lawagunda. Lithathe abantu abake bamemeza ngokunqoba, bake babanokunqoba, futhi selibagunde bonke, ukuba bahlale ekhaya ngolwesiThathu ebusuku ukuba babuke uhlelo lwetelevishini. Likhiphe

ukuthokoza ezinhliziyweni zabo, labanika uthando oluningi lwezwe kunalolo abanalo lukaNkulunkulu. Libanike izwe eliningi, lwezwe, isifiso esiningi sokubungazwa yizwe kunokuba babenokushunyayelwa kweVangeli. Uma ingekho ibhendi enkulu nokuningi okuqhutshwayo, nokukhaliswa yinjabulo nokuqhubekayo, bese-ke bengalifuni iVangeli elidala, nhlobo, eliletha izinyembezi zentokozo emphefumulweni, elibuyisa ukuphulukisa kukaNkulunkulu, elibuyisela iziphiwo zobupostoli kulo ibandla, elibuyisa lingenise uKristu ovukileyo, uMesiya walolusuku.

83 Kodwa njengoba uIsrayeli wayeboshwe nga—ngamakhosi abo, ukuthi bangayilandeli iNkosi yangoqobo; neNkosi yangoqobo, lapho Ifika, abazange baYiqonde. Kunjalo nanamuhla, O Nkosi, iNkosi yeNkazimulo ibonakele esimweni sikaMoya oNgcwele, futhi, Nkosi, abakwazi. Abakuqondi. Bahlele kakhulu baqina kakhulu, ngangokuthi abakuqondi, ngoba akukho enhlanganweni yabo. Nkosi, lona ngumsebenzi kaDeveli owenze lokhu kubantu.

84 Sengathi uSamsoni kaNkulunkulu, sengathi iqiniso enhliziyweni, labo abalangazelele bekhala, futhi benxusa bebambelele, sengathi bangahlala nalo, Nkosi, kuze kuthi lokhu okusanhlamvu okusha kuhlume, kuze kuphinde futhi lapho kuvele ukuthokoza eZiyoni, futhi lapho kuvele iqembu elingaba nokwazi futhi liqonde, elingabona uMesiya naMandla afihlakeleyo afihlakele ezweni, abangezukukuqonda manje. Siphe, Nkosi, ukuba bazokubona lokhu. Lokhu sikucela eGameni likaJesu. Ameni.

[Akuthwetshulwanga—Umhl.]
. . .mandla khonamanje,
O Nkosi, thumela amandla khonamanje
Ubhaphathize wonke umuntu.

Babesekameiweni elingaphezulu,
Bonke babenhliziyonye,
Lapho uMoya oNgcwele ehla
Owethenjiswa yiNkosi yethu.

O Nkosi, thumela aMandla aKho khonamanje,
O Nkosi, thumela aMandla aKho khonamanje;
O Nkosi, thumela aMandla khonamanje
Ubhaphathize wonke umuntu.

85 O ngiyaMthanda! Ethumela aMandla aKhe! Babesekameiweni elingaphezulu, bonke benhliziyonye. Lonke izwe limunce kubo. Bathululwa, kwase kufika uMoya oNgcwele.

86 Namuhla bathi, "Woza, joyina ibandla, faka igama lakho encwadini. Kumbe goba phansi bese uthi, 'Ngiyamvuma uKristu njengeNdodana kaNkulunkulu,' sukuma." UDeveli wenza into efanayo. Ngempela. UDeveli wabhaphathizwa ngenkathi uJuda

ebhaphathizwa. UDeveli waphuma washumayela iVangeli ngenkathi uJuda ephuma eshumayela iVangeli. Kodwa uDeveli akazange awuthole uMoya oNgcwele. Yilokho-ke. Alapho-ke aMandla acashileyo, lokho kuvuka, azi okuyikho, ngaphandle kokungabaza. Ameni.

87 Ulapha. Wona lowoMoya oNgcwele, wona Lowo owawuphezu kukaMesiya, usephezu kwalo iBandla laKhe. Akalokothi asuke. "Ngiyoba nani njalo, ngibe kini, kuze kubesekupheleni kwezwe. Ngiyoba lapho. Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani ngokunjalo. Eminingi kunalo niyoyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi."

88 Kodwa izwe liyakuxegisa, "O, lezo yizinsuku esezedlula!" Yilokho nje uDeveli afuna ukwenze. Bakufuna ubukeke. UNkulunkulu ukufuna ubhaphathizwe. UNkulunkulu ukufuna... Wena uthi, "O, angikukholwa konke lokho okwenzeka laphaya." Qhubeka uhlale, qhubeka uhlale esonweni sakho, hlala esonweni sakho. Kodwa uze ubole, uze ubole kokwemicabango yakho, uze ubole kwimfashini yakho, bese uguqulwa futhi uzalwe ngokusha, nalokho kuPhila okusha kuyokwahluka phaqa kulokho okwehlele phansi.

89 Uhlamvu lukakolo lwehlela phansi luphuzi, luphuma luluhlaza-tshani. Lwehlela phansi lul'khuni, lusegobolondweni, luphuma luthambile futhi lupheshethwa ngumoya. O, udumo! Haleluya! Uma imimoya iqala ukuvunguza, uhlamvu akukho olungakwenza ngaphandle kokuba lunyakaze, lugudluke, kodwa okuncane—idlebe elincane ligoba kalula lijabule, luyakhula-ke, luziqinise. Lungeze lwaba yidlebe ngaphandle uma uhlamvu lufile lwabola. Hhayi ukuba lufe kuphela; kodwa lubole. Ngeke lwaqhuma nhlobo, kodwa ukuphila kuphuma kulo.

90 Njengoba ngishilo esikhashaneni esadlulileyo, ukuzala kuyinto embi kabi, kungcolile, kubi, kungcole kakhulu ukwedlula ukungcola, kodwa ukuphila kulapho. Uma uzibona ukungcola, ubona ukungcola kwezivumokholo zeMethodisti yakho, iBaptisti nePentekoste, bese ufa e altare, bese-ke ukuPhila okusha kungena. UMoya oNgcwele ukwenza ubengaphezu kwalokho, ubona uNkulunkulu.

91 SiyoMbona ngolunye usuku oluhle kakhulu. Ngelinye ilanga ngaleya lapho ukwazi komuntu kungafinyeleli khona, siyoMbona. Niyakukholwa lokho na? Ngelinye ilanga ngaleya lapho ukwazi komuntu kungafinyeleli khona, lapho ngilindelwe ikusasa elimnandi.

92 Bengimi phezulu lapha ekhoneni izolo ebusuku, futhi ngicabange ukuthi ngibone uRabi Lawson. Ngenkathi esavamise ukubasezansi lapha, abese efika azungeze ngenduku yokudondolozela yakhe endala angidonse ngentamo yakhe, entanyeni yami ngenduku yokudondolozela yakhe, phezulu

lapha epulpiti, bese ecula leloculo, "Lapho ngilindelwe yi . . ." [Akuthwetshulwanga—Umhl.]

93 Kukhona okwenzekile! Kukhiphe izwe. Ngiqala ukubona izinto ngokwahlukile, ngikhathazeke kakhulu ngendlela lababantu abangamaMelikana abenza ngayo, njalo, unyaka nonyaka, ukubona abesifazane nabesilisa ukuthi bazehlisa isithunzi kanjani bese bephuma bangene esonweni, ngaze ngacishe ngaba nokwahluleka, izikhathi ezimbili noma ezintathu, ngikhathazeka ngakho. Izolo, ngithe kuNkulunkulu, "Ngeke ngisakhathazeka. Izwi laKho lathi kuyobanjalo, kodwa ngizoma esikhaleni ngiphikisane nakho, ngakho konke okukimi."

94 Ngelinye ilanga, ngimi phezulu eGreen's Mill, umgede wami, emuva le ehlane, ngangikade ngikhuleka usuku lonke. Futhi cishe ngelesithathu nqo, ilanga lase lishona, futhi ngangimi phezulu laphaya ngibuka ngapesheya, ngaphuma emgedeni, ngiphezu kwedwala elikhulu. Futhi ngangimi lapho, ngibuka ngaseMpumalanga, ngidumisa iNkosi. Futhi ngangilibona ilanga liya ngokwehla lingena emva kwezihlahla phezulu phezu kwentaba, ngisabuka ngapesheya kodonga olukhulu olwenziwa umfula ngale kwezinye, futhi namaningi amaqabunga phezulu, kuthule cwaka. Ngase ngithi, "Nkosi, ngelinye ilanga Wafihla uMose emfantwini wedwala, futhi Wedlula ngakuye, ngoba wayesekhathele. Kodwa Wedlula, wathi kwa 'kubukeka njengomhlane womuntu.'" Ngathi, "Ngifihle emfantwini, Nkosi." Kwathi ngalesosikhathi, ngale kohlangothi lwami, nakho kufika uMoya omncane wehlela phansi udabula ezihlahleni. Waqhubeka njalo, weza waqonda phansi ngaseceleni kwami, uMoya omncane wehlela ezansi, wehla njalo wadabula emahlathini. Ngama lapho.

> Ngelinye ilanga, uNkulunkulu kuphela uyazi nje ukuthi kuphi kumbe nini,
> Amasondo empilo esenokufa ayoma onke ngqi,
> Khona ngohamba ngiyohlala entabeni yaseZiyoni.
>
> Ngelinye ilanga ngaleya lapho ukwazi komuntu kungafinyeleli khona,
> Ngelinye ilanga, uNkulunkulu kuphela uyazi nje ukuthi kuphi kumbe nini,
> (Kuzokwenzekani na? Lizovala, onke lamasonjwana aphendukayo)
> Amasondo empilo esenokufa ayoma onke ngqi,
> Khona sohamba siyohlala entabeni yaseZiyoni.
>
> Yehlela phansi, nqola enhle,
> Uzong'thwala ngiye ekhaya;

Yehlela phansi, nqola enhle,
Uzong'thwala ngiye ekhaya.

Uma ufika lapho ngingakafiki,
Uzong'thwala ngiye ekhaya;
Tshela uMfowethu Bosworth, nabo bonke abangane bami, futhi,
Uzong'thwala nje ngiye ekhaya.

Manje yehlela phansi...(iyoshona phansi ngelinye ilanga ingithathe ingiyise phezulu)... nqol-...
(Zonke izihlahla ziyoba umlilo; iziNgelosi zikaNkulunkulu nenqola yomlilo)... ukungithwala ngiye ekhaya;
Yehlela phansi, nqola enhle,
Uzong'thwala ngiye ekhaya.

95 Ngolunye lwalezizinsuku, ngolunye lwalezizinsuku ezingxenyeni ezingezansi zamahora okufa kwami, ngifuna Yena ukuba eze. Kunjalo.

Ngabuka ngaphesheya kweJordani ngase ngibonani na
Uzong'thwala ngiye ekhaya; (njengo Eliya omdala ebuka ngaphesheya kweJordani)
Ibutho leziNgelosi ezikhazimulayo zingilandela,
Zazizela ukung'thwala ngiye ekhaya.

Yehlela phansi, yehla uze phansi, nqola enhle,
Uzong'thwala ngiye ekhaya;
Yehlela phansi, nqola enhle,
Uzong'thwala ngiye ekhaya.

96 INkosi uJesu, uMshayeli obusisiwe walenqola, uMshayeli-mkhumbi phezu komkhumbi omdala waseZiyoni, isikebhe sokuPhila, ehlela phansi khona endlini, ekhuluma, uBukhona baKhe bulapha. Yena impela uMoya oNgcwele owaMvusa ethuneni ulapha.

97 Njengoba bengakhiphi makhadi okukhulekeiwa, ngabe ukhona lapha ovela ngaphandle kwedolobha, engingamaziyo, olapha ngokuzokhulekeiwa na? Phakamisa izandla zakho, engingamaziyo. Phakamisa izandla zakho, angazi. Wena, wena lapho. Ngikholwa ukuthi ngumfo omncane onamadevu emuva laphaya, abathe baphakamisa isandla sabo ngalaphaya. Yebo, wena, ngabe ubusiphakamisile isandla sakho na? Kulungile. Emuva laphaya, wena, mnumzane. Kulungile. Nonke niyizihambi kimi na? LeyoNkosi uJesu, yena lowoMelusi womhlambi lapha, niyakholwa ukuthi izethembiso zaKhe ziliqiniso na? Ugcoba ibandla laKhe, nokuthi "Imisebenzi eNgiyenzayo, nani, ngokunjalo. Ngisho nemikhulu kunalo

niyoyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi. Eminingi kunalo!" Niyakukholwa lokho na?

98 Usiphakamisile isandla sakho ukuthi ubungangazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi kukhonani enhliziywéni yakho, angakhuluma kimi njengoba nje Enza kowesifazane owathinta ingubo yaKhe? Uyakholwa ukuthi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi izimo zakho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, ukholwe ukuthi uBukhona baKhe bulapha nokuthi yingakho Ekuvumela na? Ukhulekela umkakho. Unenqulu eyephukileyo, inqulu ebhinyikile. Kunjalo. Uma kunjalo, sukuma. Kulungile, hamba umthole, ephilile. Ameni.

99 Wena-ke emuva laphaya, umfo omncane osukumile, obenamadevu na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela izinkathazo zakho na? Uyakholwa ukuthi indodana yakho izophila na? Uyakholwa? Unomfana, unedumbe lobuchopho. Kunjalo. Awu. . . KungokwaseKentucky. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Angikwazi, ngabe ngiyakwazi na? Uma ngikwazi. . . Phakamisa izandla *zakho* kanje, asazani. Kunjalo. Ukwethembela kuNkulunkulu. Uyakholwa na? Njengoba ukholwa, thola umfana wakho engaleyondlela okholwa ngayo. Vele uzifake wena enhliziyweni yakho.

100 Bekungubani lapha kwababaphakamise izandla zabo, ebenginga—nginga. . . Bekunguwe na? Kulungile, mnumzane, uyangikholwa ukuba ngingumprofethi kaNkulunkulu na? [Umlisa uthi, "Ameni"—Umhl.] Uyakholwa, ngenhliziyo yakho yonke na? Ungenyuki, vele ume khona lapho nje. Kulungile, mnumzane, yini inkathazo yakho, unesifo sikashukela. ["Kunjalo"] Futhi sihlupha unyawo lwakho. ["Yebo"] Ungowase Ohio. ["Yebo"] Igama lakho unguMnu. Miller. ["Kunjalo"] Buyela ekhaya uphile. Kulungile, kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Kulungile.

Uyakholwa na? Uma ungahle ukholwe!

101 Inenekazi lihlezi lapha, ngabe uke wasiphakamisa isandla sakho na? Nenekazi elikhulu, elifake izibuko, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakukholwa na? Uyangikholwa ukuba ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uyakholwa? Kulungile, uma uNkulunkulu engangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokholwa na? Isifo senhliziyo. Kulungile, phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Kulungile.

102 Inenekazi lapha eduze kwakho, elisukumile. Inhliziyo; kodwa eqinisweni amehlo akho. Ngiyalazi. Kulungile, uma nje ungahle ukholwe!

103 Emuva laphaya, indoda elandelayo emuva laphaya inesifo senhliziyo, futhi, nesifo sesikhumba. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Uyakholwa, mnumzane na?

104 Kukhona indoda emuva laphaya ndawondawo, iphakamise izandla zayo engazange. . .Mnu. Schubert. Kulungile, mnumzane. Kulungile, uyakholwa na? Ngamehlo akho, futhi, akusikho na? Ukhulekela unyoko ehlezi ethe qekelele lapho, futhi. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Siyizihambi. Ngabe kunjalo na? Xhawula, xhawulanani. Kulungile, kunjalo. Uma ungakholwa, ungemukela!

105 UJesu Kristu ovukile usendlini. UsenguYe. Ngabe Wenzani kuwe na? Ngabe usuvumele izwe lathena onke amandla kuwe na? Udumo! Ngifuna ukuzalwa okusha! Ngifuna ukuPhila okusha! Angikhathali ukuthi Kufika ngayiphi indizamshini, uma ngizoba ngumginqiki ongcwele, noma yini. Angikhathali ukuthi Kufika ngayiphi indizamshini, ngifuna uMoya oNgcwele wangempela njengoba ukimi manje. Ngifuna ukuWugcina! Ngiqoka ukubanaWo kunazo zonke izinto zezwe. Ameni! Niyakholwa na? Niyakholwa ukuthi Ulapha na?

106 Bekani izandla zenu komunye nomunye, ke. Ngitshele okunye futhi Angakwenza. Akukho lutho. Yibani nokukholwa manje. Nikholwe ukuthi sekuphelile.

107 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mnikazi wokuPhila okuPhakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, uMoya waKho ulapha ugcoba impela, Nkosi, kubonakala sengathi indlu iyaphefumula, iya emuva naphambili. Yini abantu bangakuqondi, Nkosi na? Ngabe sebe—ngabe sebezimbandakanye kakhulu nezwe, baze babanda hleke nokugcina umthetho wamahlelo-nje nokuba yizitashi, baze abangabe besakwazi Wena nhlobo na? Nkosi Nkulunkulu, sengathi laMandla angashaya umuntu wonke, nabobonke abantu abagulayo baphulukiswe, zonke izoni zisindiswe, noNkulunkulu athole udumo. NgoJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngiyakucela. Ameni.

108 Niyakukholwa na? Phakamisani izandla zenu. Niyakwemukela ukuphulukiswa kwenu na? UNkulunkulu anibusise. Manje hambani nikufumane ngendlela enikukholwa ngayo, kuyoba ngaleyondlela. Ngibona kuvuleka imibono phezu kwabanye. Kunjalo. Kuzofanele ngibuye namuhla ebusuku.

109 Uma ungakholwa manje, awusoze wakholwa. Kunjalo. UJesu wake wakwenza ngesinye isikhathi, futhi bathi, "Wena . . .Siyazi nxa uMesiya efika, Uyositshela lokhu." Owesifazane wathi, "Ngiyazi ukuthi uMesiya uyokwenza lokho. Kodwa Ungubani Wena na?"

Wathi, "NginguYe."

110 Wayesegijimela emzini wathi, “Wozani, nibone uMuntu Obekwazi ukuthi benginjani nokuthi ngenzeni. Kungebe nguMesiya lona na?”

111 Wathi, “Lezizinto ziyokwenzeka futhi ezinsukwini zokugcina. IBandla liyobe lishumayela iQiniso, liyobe limi eZwini. Liyobe lenza yonke imiYalo kaNkulunkulu. Aliyikuzimbandakanya nezwe. Futhi lapho Ngiyonyakaza ngenze izinto ezifanayo.”

112 Kodwa wathi, “Bayobanamawala, nabakhukhumele, nabathanda injabulo kunekaNkulunkulu, nabahlebi, nabangazithibi, nabanesimo sokumesaba uNkulunkulu,” bekholwa impela, beya emasontweni. “Nabanesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika. Labo-ke wobagwema!”

113 Ninabantu, nomangabe ubukuphi ebandleni, Ababizile khonamanje, umbono usuhambile kimi. Uma—uma lokho bekuliqiniso, engikushilo nami ngingakwazi lokho kini, phakamisani izandla zenu, noma ngabe bekungubani. Kulo lonke ibandla, konke—ndawo zonke. Kulungile. Niyabona na? Angibazi, angikaze ngibabone; kodwa uMoya oNgcwele ulapha futhi Uyabazi. Aniboni ukuthi akusimina na?

114 Lalelani! Uma Ezongethwesa lokho, Uzongethemba ngeQiniso leZwi, ngoba iQiniso lingafika kuphela ngeZwi. Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyokwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele, ngokuba isethembiso ngesenu nesabantwana benu, nesabo bonke abakude, nalabo iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Niyakukholwa na? Kuzobakhona inkonzo yombhaphathizo khona manje nje.

115 Asikhothamise amakhanda ethu. Ngizocela umfundisi ukuba akhuleke ngenkathi besalungiselela umbhaphathizo. Ngicabanga ukuthi kuzobakhona inkonzo yombhaphathizo. Kulungile.

*IBandla Nesimo SaLo*
*(The Church And Its Condition)*
Agasti 5, 1956

*ISango Lincane*
*(Strait Is The Gate)*
Mashi 1, 1959

*IBandla EliKholiswe, YiZwe*
*(A Deceived Church, By The World)*
Juni 28, 1959

LemiLayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala yethulwa ngesiNgisi eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., ithathelwe kwiziqophamazwi zikazibuthe futhi yashicilelwa ngesiNgisi. LemiLayezo yahunyushelwa esiZulwini futhi yashicilelwa ngo 1992 ngabe Voice Of God Recordings. Iphinde yashicilelwa ngo 2006.

ZULU

©1992 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

